IMbokodo

Evangelical Lutheran Church in Southern Africa

South-Eastern Diocese, Durban Central Parish

(MELCSA)

1. Igama lenhlangano (Name of Organisation)

Igama lenhlangano „iMbokodo Evangelical Lutheran Church in Southern Africa“ **(MELCSA)**

2. Umbono (Vision)

Ukusungula kanye nokuthuthukisa izinhla kanye nezinhlelo ezithuthusa neziqhubezela ibandla lethu phambili.

3. Intumo (Mission)

Ukukhuthaza nokumisa onke amalungu ebandla lethu ikakhulukazi lawo angekho ebandleni. Ukuxhasa ezinhlelweni ezithuthukisa ibandla lethu.

4. Izinhloso (Objectives)

4.1 Ukunakekela nokuthuthukisa impilo yebndla lethu ngezindlela ezehlukene
4.2 Ukusungula amaprojects ngaphakathi ebandleni lethu
4.3 Ukuthuthukisa isimo somnotho ebandleni lethu
4.4 Ukuthuthukisa ubudlelwano ngaphakathi kanye nangaphandle ebandleni
4.5 Ukusebenzela ukubonakalisa ubunye bomzimba kaKristu

5. Izindlela zokwenza (strategies)

5.1 Ukuhlanganyela nebandla lonkana ekwenzeni izinto eziyinqubekela phambili ebandleni
5.2 Ukubheka izidingo zebandla lethu silungise lapho kunesidingo khona
5.3 Ukuhlonza kanye nokunakekela ezinhlelweni (projects) ebandleni lethu
5.4 Ukusekela imikhandlu yonke yebandla emizamweni yokuthuthukisa bandla
5.5 Ukuqhambisa (promote) ibandla lethu
5.6 Ukunakekelana nokuhambelana nabazalwane
5.7 Ukududuza labo abasezinkingeni
5.8 Ukuqhakambisaubunye ebandleni lethu

6. Ubulungu (Membership)

Ubulungu buvulelekele wonke amalungu ebandla lethu ikakhulu lawo angangeni ezinhlanganweni ezikhona ebandleni lethu.

7. IKomidi (Committee)

7.1 Amalungu ekomiti ayokhethwa emhlanganweni omkhulu (GM).
7.2 Kuyophakanyiswa amagama bese kuyavotwa.
7.3 Kuyosetshenziswa izindlela zokuvota okuyimfihlo (ballot system) ukukhetha amalungu ekomidi.

8. Umumo wekomidi: (Office Bearers)

Ikomidi liyokuba nezihlalo ezisemthethweni kanye namalungu okwengeza:
8.1 Usihlalo
8.2 Isekela likasihlalo
8.3 Unobhala
8.4 Isikela likanobhala
8.5 Usikhwama
8.6 Amalungu okwengeza ayisihlanu asemagatsheni

9. IKomidi elikhulu (Executive Committee)

Ikomidi elikhulu liyokwakhiwa yilaba:
9.1 Usihlalo
9.2 Usekela sihlalo
9.3 Unobhala
9.4 Usikhwama

10. Isikhathi sekomidi (Term of office)

10.1 Amalungu ekomidi ayohlala isikhathi esiyiminyaka emibili.
10.2 Izihlalo (office bearer) zona ziyoshintshwa njalo ngonyaka ngokuthi amalungu ekomidi avotelane wodwa.

11. Imihlangano wekomidi (Committee Meetings)

11.1 Imihlangano esemthethweni iyobanjwa njalo ngemuva kwezinyanga ezine kodwa singahlangana esimeni esiphuthumayo.
11.2 Umhlangano omkhulu uyobanjwa njalo ekupheleni konyaka.
11.3 Ilungu lekomidi liyothamela yonke imihlangano ehleliwe uma engayikuphumelela uyobhala incwadi yokyxolisa.
11.4 Ilungu lekomidi eliphuthe emihlanganweni emithathu lingabiki loyolahlekelwa ubulungu balo.

12. Ukuphathwa kwamafa (Finances)

12.1 Siyoziphathela. IKomidi lizokhetha amalunga amathathu
12.2 Zonke izimali ziyobhalwa phansi ngokucacile (registered correctly).
12.3 Amabhuku enhlangano ayocutshungulwa (audited) ekupheleni konyaka wezimali.

Isayinwe…….usuku……/……..2010

Usihlalo…….signature……

Unobhala……signature……..